BEKA UVO LWAKHO

ISIMEMO SOKUTHI UMPHAKATHI ULETHE IZETHULO

UMTHETHOSIVIVINYWA OCHIBIYELA IZINKAMPANI ZEZIKHUMULO ZEZINDIZA [B 5 - 2018]

IKomidi leNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke elibhekele ezokuThutha limema abantu abanentshisekelo nalabo ababambe iqhaza ukuthi bathumele ukuphawula okubhalwe phansi mayelana noMthethosivivinywa Ochibiyela iziNkampani zeziKhumulo zeziNdiza [B 5 - 2018]

UMthethosivivinywa uhlose ukuchibiyela uMthetho weziNkampani zeziKhumulo zeziNdiza, we-1993, ukuze kufakwe noma futhi uchibiyele izincazelo ezithile; ukufaka elinye ibinzana esikhundleni samgama amanye; ukuhlinzekela ukubeka esikhundleni nokwalela amalungu eKomidi; ukuhlinzekela ukuphuma kwamalungu eKomidi ezikhundleni; ukuhlinzekela imihlangano yeKomidi; ukuchibiyela isikhathi sokukhipha imvume; ukuhlinzeka izinqumo zeKomidi; ukuhlinzekela ukusungulwa kweKomidi leziKhalo; ukuhlinzekela izikhalazo nokumelene nezinqumo zeKomidi; ukuhlinzekela ukuqokwa kanye nokususwa esikhundleni kwamalumgu eKomidi leziKhalazo; ukuhlinzekela ukuphuma esikhundleni kwamalungu eKomidi leziKhalazo; ukuhlinzekela amacala; kanye nokuhlinzekela izindaba ezihambelana nalokho.

Imibuzo, kanye nezethulo ezibhalwe phansi, zingathunyelwa kwiKomidini leNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke elibhekele ezokuThutha, (Izincwadi kufanele zibhekiswe ku: Valerie Carelse), 3rd floor, W/S 3/79, 90 Plein Street, Cape Town 8001, noma zithunyelwe nge- imeyili kuleli kheli: vcarelse@parliament.gov.za. Ukwengeza kulokuphawula okubhalwe phansi, uyacelwa ukuthi ukhombise intshisekelo yokwenza isethulo somlomo eKomidini.

Usuku lokugcina lokululetha izethulo umhla ziyi- 15 kuMasingana wezi- 2019.

Amakhophi oMthethosivivinywa angatholakala kuValerie Carelse kulenombolo yocingo ethi: 021 403 3272, inombolo yeselula: 083 709 8445 noma kule webhusayithi: www.parliament.gov.za

Sikhishwe uNk DP Magadzi, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi leNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke elibhekele ezokuThutha.

Parliament. Making Democracy Work.